



tourism

Department:
Tourism
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

IMANUWALI

YOMNYANGO WEZOKUVAKASHA

*Ngokwemigomo yesigaba se-14 se-Promotion of Access to
Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000)*

OKUQUKETHWE

Izihloko	Inombolo yamakhasi
1. Inhloso yemanuwali	3
2. Isigaba se-10 siwumhlahlandlela wamanuwali eRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika	3
3. Imininingwane yokuxhumana yeNhloko yeHhovisi lemiNiningwane/Amasekela eNhloko yeHhovisi lemiNiningwane	4
4. Amagatsha oMnyango wezokuVakasha	4 - 5
5. Amarekhodi agcinwe uMnyango atholakalayo	5 - 6
6. Ukutholakala kwamarekhodi ngokwemibandela yesigaba se-14(1)(e)	6
7. Ukuchazwa kwezinhlobo zamarekhodi atholakalayo ukuze ahlolwe ngokwemibandela Yesigaba se-15(1) se- <i>Promotion of Access to Information Act, 2000</i>	6 - 8 8 - 9
8. Indlela Yokuthola Amarekhodi Atholakalayo	
9. Inqubo yokufaka isicelo	9 – 11
10. Ukukhokwa kwezimali ngokwemibandela yoMthetho	11
11. Izixazululo Ezikhona uma imibandela yoMthetho ingalandelwanga	12
12. Ukubuyekezwa kwemanuwali	13
13. Ukutholaka kwemanuwali	14
14. ISINENEZELO A	Ifomu A (Isicelo sokuthola)
	15

1. INHLOSO YEMANUWALI

Isigaba sama-32(1) soMthethosisekelo weRiphabhulikhi yeNingizimu Afrika, wezi-1996 sihlinzeka ngokuthi wonke umuntu unelungelo lokufinyelela emininingwaneni egcinwe umbuso noma inoma iyiphi imininingwane egcinwe omunye umuntu edingekayo ukuvikela noma iliphi ilungelo. I-Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000) (lapha yaziwa "nge-PAIA"). Kodwa I-PAIA ibona ukuthi ilungelo lokufinyelela emininingwaneni kuyinto encike emikhawulweni ethile enezizathu ezithile.

Imininingwane yamarekhodi egcinwe emagatsheni omphakathi iqukethwe ibhuku elaziwa ngokuthi imanuwalı. Ngalokho imanuwalı ilanda ngamarekhodi agcinwe emnyangweni womphakathi. Amarekhodi agciniwe aphafelene nebhizinisi / nemisebenzi yalelo nalelo gatsha. Ukuhlukanisa ibhizinisi / imisebenzi yegatsha ngayinye, amarekhodi egatsha negatsha anomboliwe ngokwehlukana. Irekhodi ngalinye linemiyalelo yokuthi lingakhishwa kanjani.

Ngaphandle kwamarekhodi, kunamafayela, imanuwalı iphinde iqukathe imininingwane yamakheli eziNhloko zeMinyango kanye neziNhloko zamaHhovisi eMininingwane yeGatsha lomphakathi kanye negama leGatsha ngalinye egatsheni womphakathi, imisebenzi yalo emiqoka kanye nohla lwamarekhodi agcinwe igatsha lomphakathi.

2. ISIGABA SE-10 SIWUMHLAHLANDLELA WAMAMANUWALI ERIPHABHULIKHI YENINGIZIMU AFRIKA

IKhomishana yamaLungelo eSintu eNingizimu Afrika (SAHRC) ngokwemibandela yesigaba se-10 se-PAIA, ihlanganise umhlahlandlela wokusebenzisa i-PAIA. Lo mhlahlandlela uyatholakala emahhovisi e-SAHRC.

The PAIA Unit (Promotion of Access to Information) at the South African Human Rights Commission

*The Research and Documentation Department
Private Bag X2700
HOUGHTON
2014*

Ucingo +27 11 877 3600
Iwebhusayithi www.sahrc.org.za
Isikhahlamezi PAIA@sahrc.org.za

**3. IMINININGWANE YOKUXHUMANA YENHLOKO YEHHOVISI
LEMININGWANE/AMASEKELA ENHLOKO YEHHOVISI LEMININGWANE.**

INHLOKO YEHHOVISI LEMININGWANE

UMqondisi-Jikelele: uMnyango wezokuVakasha: Mnu. Victor Tharage

Private Bag X424

Pretoria

0001

Ucingo: +27 444 6721/6379

Isikhahlamezi: +27 444 7040

Umbikombani: vtharage@tourism.gov.za

Isikhahlamezi semeyili: +27 444 7101

Ukuchazwa kwemisebenzi:

Ukuhlinzeka ngobuholi obunamasu kanye nendlela emnyangweni

Ukwakha umnyango ukuthi ube inhlangano ekwaziyo ukuhlinzeka ngezinto ezibalulekile kanye nenqu bomgomu okubekwe uNgqongqoshe kanye neKhabhinethi.

Ukuqinisekisa ukuthi izinjongo kanye nemiphumele ebekelwe umnyango ukuthi iyizuze.

Ukwakha ithimba elinekhono, elizibophezele nelisebenza kahle ngaphakathi emnyangweni.

INHLOKO YEHHOVISI LEMININGWANE: Nks Mmaditonki Setwaba

UMqondisi oMkhulu: eZoMthetho: uMnyango wezokuVakasha

Isikhahlamezi semeyili: +27 444-7101

Umbikombani: msetwaba@tourism.gov.za

Ukuchazwa kwemisebenzi:

Ukusiza ukuqalisa kanye nokudidiyelwa kwe-PAIA eMnyangweni wezokuVakasha nokuhlinzeka ngokuqequesha nge-PAIA.

4. AMAGATSHA EMNYANGWENI WEZOKUVAKASHA KUZWELONKE

1. Ukuphathwa Kwenkampani	Ukuhlinzeka ngamasu obuholi, ukuphatha kanye nezinsiza ezeseka ubuholi.
2. Ucwanningo Lwezokuvakasha, Inqu bomgomu kanye Nokusebenzisana Kwamazwe	Ukuhlela kanye nokuhlola ukusebenza komkhakha wezokuvakasha nokuvumela ukusebenzisana kwababambe iqhaza kanye nendawo yenqu bomgomu.
3. Ukuthuthukiswa Kwendawo Yokuvakasha	Ukusiza ukanye nokuhlanganisa

	ukuthuthukiswa kwendawo yokuvakasha.
4. Izinsiza Ezeseka Umkhakha Wezokuvakasha	Ukwenza ngcono ushintsho lomkhakha, ukukhuliswa kwamazinga amakhono kanye nokweseka ukuthuthukisa ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iyindawo yezokuvakasha esezingeni eliphezulu.

5. AMAREKHODI AGCINWE UMNAYANGO, ATHOLAKALAYO

Lesi sahluko sibhekana nemibandela yesigaba se-14(1) (d) ye-Promotion of Access to Information Act, enquma ukuthi igatsha kumele lihlinzeke ngeminingwane yamarekhodi eliwagcinile ukuze kuthathwe izinqumo ngezicelo zokuthola imininingwane ezifakiwe.

Umnayango wahlukanisa amarekhodi neminingwane (aqondene nemisebenzi yoMnyango) kulezi zinhlobo ezilandelayo:

- 5.1 Inqubomgomu, amasu, ukuthuma, izaziso zikahulumeni kanye nokushaywa kwemithetho
- 5.2 Izitativende kwabezindaba kanye nezinkulomo
- 5.3 Amarekhodi ezisebenzi zoMnyango
- 5.4 Amarekhodi ezimali zoMyango
- 5.5 Ama-ajenda kanye namaminithi emihlangano yomnyango
- 5.6 Ukuphathwa kweminingwane okwejwayelekile
- 5.7 Imibiko yomnyango
- 5.8 Izaziso zangaphakathi, imemorandamu, izincwadi, imemorandamu yekhabhinethi
- 5.9 Izinkontileka, izivumelwano zomhlaba
- 5.10 Imininingwane emaqondana negatsha njengokuba kunqunyiwe esigabeni sesi-4
 - 5.10.1 Izinhlelo zokuhweba
 - 5.10.2 Imiqulu yamaqhingga
 - 5.10.3 Imininingwane yezinhlelo ezithile
 - 5.10.4 Imiqulu yocwaningo

Le manuwali iqukethe isihloko samafayela. Amafayela ayithuluzi elisetshenzisa ukugcina amarekhodi eMnyangweni. Ifayela ngalinye linenombolo kanye nencazelo emfushane yamarekhodi agcinwe efayeleni kanye nesihloko sefayela. Ifayela ngayinye inenombolo yayo, izinsuku zokuvula nezokuvala kanye nemiyalelo yokukhishwa kwaleyo fayela. Imiyalelo yokukhishwa kwefayela ibalulekile ngoba inquma ukuthi kumele kwenzekeni ngefayela emva kwesikhathi esithile, isib. U-A10 angasho ukuthi ifayela kumele lithunyelwe e-NASA (Umgcinimlano kaZwelonke eNingizimu

Afrika) emva kweminyaka eyishumi emuva kosuku lokuvalwa kfayela. IHHovisi likaNgqongqoshe lunohlelo lwalo lokugcina amarekhodi, olufana noloMnyango.

6. UKUTHOLAKALA KWAMAREKHODI NGOKWEMINDELA YE-14(1) (e)

UMnyango kumele, ngokwemibandela ye-15(1), uhambise kuNgqongqoshe wezobuLungiswa kanye nokuHlunyeleliwa kweziMilo uhlalwamarekhodi atholakalayo ngaphandle kokufaka isicelo ukuze ashicilelw kusoMqulu kaHulumeni.

UMnyango uhambise uhlalwamarekhodi etholakayo kuNgqongqoshe wezoBulungiswa kanye nokuHlunyeleliwa kweziMilo ukuze ishicilelw kusomqulu. Le mininingwane luyatholakala futhi kuwebhusayithi yoMnyango: <http://www.tourism.gov.za>.

7. UKUCHAZWA KWEZINHLOBO ZAMAREKHODI ATHOLAKALAYO UKUZE AHLOLWE NGOKWEMIBANDELA YESIGABA SE-15(1) OF THE PROMOTION OF ACCESS TO INFORMATION ACT, 2000

AMAREKHODI ATHOLAKAYO KANYE NOKUTHOLAKALA KWAMAREKHODI ANJALO
(Isigaba se-15 se *Promotion of Access to Information Act 2000 (Act no. 2 of 2000)*
(IsiMiso soMthetho 5A)

UKUCHAZWA ATHOLAKALAYO KWEZINHLOBO NGOKWEMIBANDELA YESIGABA SE- 15(1)(a) OF THE PROMOTION OF ACCESS TO INFORMATION ACT, 2000	ZAMAREKHODI YESIGABA SE- 15(1)(a)	INDLELA YOKUFINYELELA KUMARIKHODI (isib. Iwebhusayithi) (ISIGABA SE- 15(1)(a))
UKUZE KUHLOLWE NGOKWEMIBANDELA YESIGABA YE-15(1)(a)(i)		
(a) Yonke imininingwane ekuwebhusayithi imininingwane elandelayo iyatholakala kuwebhusayithi (www.tourism.gov.za): - Mayelana noMnyango; - Amalinki oMnyango; - Amalinki ezemvelo; - Amalinki Abaphethe kwezokuVakasha. - Abezindaba; • Isexwayiso sezokusakaza • Izitativende kwabezindaba • Izinkulomo; kanye • Nezimemo zabezindaba - Ikhalenda lemiCimbi		Kukuwebhusayithi yoMyango.

<ul style="list-style-type: none"> - Imisebenzi - Imibiko; <ul style="list-style-type: none"> • Imibiko yezibalo zezokuVakasha yekota yonyaka; • Imibiko Yabafikayo eNingizimu Afrika yenyanga; • Imibiko wokubhekwa kokusebenza njalo ngekota yonyaka; • ImiBiko yesabeloMali njl. - Imininingwane yokuxhumana yabeziNdaba zabaThengi esiFundazweni; - Amasu oMkhakha wezokuVakasha kuZwelonke (NTSS); - Ama-FAQ; - I-PAIA; - Uhlelo IwaMasu esiKhathi esiPhakathi loMnyango wezokuVakasha; - AmaGugu kaZwelonke kanye naMasu ezokuVakasha zamaSiko; - AMasu okuKhulisa ezokuVakasha; - Amasu ezokuVakasha zaseMakhaya kuZwelonke; - Izinga loMsebenzi wezokuVakasha kuZwelonke; - UMthetho wezokuVakasha, wezi-2014; - Uhlelo lokuKhuthaza ezokuVakasha; - Isikhwama Sokushintshwa kwezokuVakasha; - Uhlelo oluluhlaza IwezokuVakasha; - Ingosi yezokuvakasha ye-B-BBEE - Ingosi yolwazi; - Izinga lokuSebenza; - Izitatinende zeMali; - AmaManuwali kanye nemiyalelo; - Imihlahlandlela yezokuvakasha: <ul style="list-style-type: none"> • Ukwesekwa kokuKhuphuka • Ukutholakala kweziMakethe; kanye • Isevisi shatha - Inqubomgomu kanye neMisebenzi yoLwazi; - I-SDIP ye-NDT - Izindaba eziJwayelekile - Inqubomgomu yomnyango kanye nokubuyekezwa njalo ngekota yonyaka - Izincwajana <ul style="list-style-type: none"> • Ikhodi yezokuVakasha ye-BBBEE • Imiqulu emaqondana ne-BEE - Izishicilelo; <ul style="list-style-type: none"> • Umbiko woNyaka; • Amasu eziNhlelo • Uhlelo lokuSebenza loNyaka • Imisebenzi • Amathenda 	
---	--

<ul style="list-style-type: none"> - Izincwadi zezindaba <ul style="list-style-type: none"> • Iphephabhuku Lababambe Iqhaza eBojanala • Ukubhekwa Kwenqubomgomu Kwanjalo Ngekota Yonyaka 	
AMAREKHODI ATHOLAKAYO UKUTHI ENGATHENGWA NGOKWEMIBANDELA YESIGABA SE-15(1)(a)(ii)	
(a) Uhla lwamarekhodi angenhla	<p>Amarekhodi engatholakala ngokufaka isicelo ngokubhala nangokukhokha imali enqunyiwe, uyithumele ku:</p> <p><i>The Information Officer The Department of Tourism Private Bag X 424 PRETORIA 0001</i></p>
AMAREKHODI ATHOLAKALAYO UKUZE AKHOSHWE NGOKWEMIBANDELA YESIGABA SE-15(1)(a)(ii)	
(a) Uhla lwamarekhodi angenhla.	<p>Amarekhodi engatholakala ngokufaka isicelo ngokubhala nangokukhokha imali enqunyiwe ohlamvini llesi-2 IweNgxenye yesi-2 lesiThasiselo A sezimiso zomthetho ezihambisana ne-Access to Information Act, zithunyelwe ku:</p> <p><i>The Information Officer The Department of Tourism Private Bag X 424 PRETORIA 0001</i></p>
AMAREKHODI ATHOLAKALA MAHHALA NGOKWEMIBANDELA YESIGABA SE-15(1)(a)(iii)	
(a) Uhla lwamarekhodi angenhla.	<p>Amarekhodi engatholakala ngokufaka isicelo ngokubhala nangokukhokha imali enqunyiwe, uyithumele ku:</p> <p><i>The Information Officer The Department of Tourism Private Bag X 424 PRETORIA</i></p>

8. INDLELA YOKUFINYELELA KUMAREKHODI ATHOLAKAYO

Isigaba se-15 se-Promotion of Access to Information Act, 2000 sinquma ukuthi uMnyango kumele ushicilele kuSomqulu kaHulumeni isheduli (uhla) Iwamarekhodi atholakayo eMnyangweni. Izicelo zala marekhodi azidingi ukuthi kugcwaliswe iFomu A elinqunyiwe elisetshenziswa ukucela ulwazi, futhi ayikho imali yokufaka isicelo sala marekhodi ekhokwayo. Izimali zikhokhwa kuphela uma kunamakhophi okudingeka ukuthi enziwe, kuncike ekutheni irekhodi lisephepheni elibhaliwe, i-CD, isigcinalwazi sekhompuyutha, ikhasethe eliqoshiwe, njll.

Odabeni Iwamarekhodi anjalo asebekwe kuSigmagugu sikaZwelonke eNingizimu Afrika, amarekhodi azokwensiwa ukuthi abe khona ngokulandela imithetho elandelayo efanele ukufundisa amarekhodi anjalo:

- *The Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000)*
- *The Protection of Information Act, 1982 (Act No. 84 of 1982)*
- *The National Archives and Records of South Africa Act, 1996 (Act No. 43 of 1996)*

9. INQUBO YOKUFAKA ISICELO

9.1 Izicelo zokufinyelela olwazini

Wonke umuntu unelungelo lokucela ukufinyelela olwazini olurekhodiwe olugcinwe uMnyango, kuncike ekutheni isicelo esifakiwe efomini elinqunyiwe kanye nezimali ezinqunyiwe zikhokhiwe. Ukufinyelela olwazini kuncike ezizathwini zokukhipha okutholakala esahlukweni sesi-4 se-PAIA. Isicelo singenziwa inoma ubani ozimele yena noma omele omunye ongakwazi ukuzimela yena.

9.1.1 Ukugcwaliswa Kwefomu

- Umfaki wesicelo kumele egcwalise ifomu elinqunyiwe eli-
- (a) ngatholaka Ezimisweni zoMthetho ku-PAIA;
 - (b) khona kuwebhusayithi ye-SAHR ku-www.sahrc.org.za;
 - (c) nanyathiselwe kulo mqlu **njengesiThasiselo**; noma
 - (d) tholakala esikhungweni semininingwane eMnyangweni esehhovisi elamukela izivakashi ezakhiweni zoMnyango.

9.1.2 Uhlelo

- (a) Isicelo solwazi kumele sithunyelwe ku-:

*Director-General
Private Bag X 424*

PRETORIA
0001

Ziqondiswe: kuNks M Mathebula
UCINGO: +27 12 444 6732
Isikhahlamezi: +27 12 444 7040
Umbikombani: vtharage@tourism.gov.za

- (b) Umfaki wesicelo kumele eveze ukuthi engathanda yini ukuthi ethole ikhophi yerekhodi noma engathanda ukuhlola irekhodi emahhovisi omnyango womphakathi. Kungenjalo, uma irekhodi lingeyona ikhophi eyiphepha, lingabukwa efomini eliceliwe, uma kwenzeka.
- (c) Uma umfaki wesicelo ecela ukufinyelela efomini elithile, uzokwazi ukulithola ngendlela abekade ecele ngayo. Umgomo uyasebenza, ngaphandle uma ukwenze njalo kuzothikameza ukusebenza koMnyango, noma kuzokona irekhodi, noma ukwaphula ilungelo lomqambi werekhodi okungelona elombuso. Uma kungeke kukwazi ukuthi kunikeyelwe ngerekhodi ngendlela elicelwe ngayo, ngenxa yezizathu ezibonakalayo, kodwa ngenye indlela, imali ezokhokhwa izobalwa ngendlela umfaki wesicelo acele ngayo kuqala.
- (d) Ngaphezu kwalokho, uma empendulweni ebhaliwe esicelweni sabo serekhodi, umfaki wesicelo ufuna ukwaziswa ngesinqumo nganoma ngayiphi indlela, isibonelo, ngocingo, lokhu kumele kuvezwe.
- (e) Uma umfaki wesicelo ecela ulwazi ecelela omunye umuntu, indlela isicelo esifakwe ngayo kumele iveauze.

9.2 Ukufaka isicelo ucelela omunye umuntu

Uma isicelo senziwe kumelwe omunye umuntu, umfaki wesicelo kumele ehambise ubufakazi bokuthi uyakwazi ukwenza lokho, lapho uma enza isicelo ligculiseke ngokufanele iPhini leNhloko yeHhovisi lemiNiningwane.

9.3 Ukufaka isicelo kwabantu abaphila ngokukhubazeka

- (a) Uma umfaki wesicelo engakwazi ukufunda noma ukubhala, noma ephila ngokukhubazeka ukumvimbela ukuthi agcwaliwe ifomu elinqunyiwe, angakwazi ukwenza isicelo ngomlomo. ISekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane (noma izithunywa zakhe) bazomgcwaliasela ifomu umfaki wesicelo bese bemnika ikhophi egcwaliwiwe.
- (b) ISekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane (noma izithunywa zakhe) lizosiza umfaki wesicelo ukuthi alandele izimfuneko ezibalulwe ngenhla ukufinyelela emininingwaneni, okufaka phakathi ukubhekisa kumfaki wesicelo, uma kubonakala ukuthi isicelo semininingwane bekufanele senziwe kwelinje igatsha lomphakathi, kumele senziwe kulelo gatsha.

9.4 Ukudluliswa kwezicelo

- (a) Izicelo zamarekhodi zingadlulisa ukuthi ziye kwelinye igatsha lomphakathi ezimweni ezilandelayo:
- (i) Uma irekhodi ligcinwe kwelinye igatsha lomphakathi;
 - (ii) Udaba Iwerikhodi luhambisana kakhulu nemisebenzi eyenziwa kwelinye igatsha lomphakathi;
 - (iii) Irekhodi yenziwa elinye igatsha lomphakathi, noma isicelo saqala semukelwa kwelinye igatsha lomphakathi; noma
 - (iv) Irekhodi liqukethe imininingwane yentengiso ehambisana nezomnotho kanye nezenhlalakahle yezezimali yeRiphabhlukhi, kanye nemisebenzi yokuthengisa yamagatsha emiphakathi.
- (b) Odabeni olunje iSekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane (noma izithunywa zakhe) kumele lidlulise isicelo siye kwelinye igatsha lomphakathi ngokushesha emuva kokuthi etholile ukuthi kunezizathu ezizwakalayo ezenza ukuthi kwenzeke lokho, kodwa kungabi semuva kwezinsuku eziyishumi nane (14) ethole isicelo. Uma igatsha likahulumeni noma iNhloko yeHhovisi leMiNiningwane okwenziwe kuye isicelo kunguyena ogcine irekhodi futhi wabona kungaba usizo ukwenze njalo ukuze kuzokwazi ukuthi iNhloko yeHhovisi leMininingwane yelinye igatsha lomphakathi ibhekana nesicelo, irekhodi noma ikhophi yerikhodi izothunyelwa kuleyo Nhloko yeHhovisi leMininingwane.
- (c) Uma isicelo sokuthola irekhodi sesidlulisiwe, kumele ifakwe kukhompuuyutha kusukela osukwini lokuqala esafakwa ngalo. Yonke imininingwane yesikhathi esifanele endabeni yesicelo semininingwane nayo ifakiwe.

9.5 Isaziso sokuyiswa kwenye indawo

- (a) Uma isicelo sokufinyelela olwazini sesidlulisiwe, iSekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane elenza lokhu kudlulisa lizokwazisa umfaki wesicelo ngokushesha mayelana:
- (i) ngokudlulisa isicelo sakhe;
 - (ii) izizathu zokudlulisa isicelo sakhe; kanye
 - (iii) nesikhathi okumele isicelo sisithathe ukuthi kubhekwanie naso.
- (b) ISekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane lizoqinisekisa ukuthi irekhodi ligciniwe kuze kuthathwe isinqumo mayelana nokufinyelela olwazini. Izikhathi zezikhalazo nazo zizofakwa.

10. UKUKHOKHWA KWEZIMALI NGOKWEMIBANDELA YOMTHETHO

- (a) Umfaki wesicelo ngaye

Noma ubani ofuna imininingwane ngaye ubizwa ngomfaki wesicelo ngaye futhi yena akakhokhiswa imali yomfaki wesicelo.

(b) Umfaki wesicelo

Imali yokufaka isicelo eyimali angangama-R35-00 njengokuba inqunywe iziMiso zoMthetho ku-PAIA. Ngaphezu kwalokho, uma amakhophi noma akubhaliwe kuceliwe, kuzobizwa ngokohlelo lwemali enqunywe iziMiso zoMthetho kanye neNhloko yeHhovisi leMininingwane neSekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane bengabiza imali ethile ngokuchitha isikhathi sabo besebenza esicelweni.

10.1 Indlela yokukhokha

Yonke imali ekhokhwayo kumele ibe ukheshi, ikhokhwe eziphathimandleni zezimali eMnyangweni e-Tourism House, 17 Trevenna Street, Sunnyside, Pretoria, ngezikhathi zokusebenza noma ifakwe ku-akhawunti yebhange loMnyango.

Imininingwane yebhange loMnyango ithi

Umnini we-akhawunti:	Department of Tourism
Igama lebhange:	ABSA
Uhlobo lwe-akhawunti:	Deposit Acc. (Current)
Inombolo ye-akhawunti:	40 7532 7895
Ikhodi yegatsha:	632005

OKUBALULEKILE: Asikho isicelo okuzosetshenzwa ngaso ngaphandle kokuthi kukhokhwe imali yokufaka isicelo, uma kufanele, ngokwemibandela yesiGaba sama-22(1) soMthetho.

11. IZIXAZULULO EZIKHONA UMA IMIBANDELA YOMTHETHO INGALANDELWANGA

11.1 IsikhalaSo Sangaphakathi

IGatsha lokuBuyekezwazwe kweziCelo zangaPhakathi ngokwe-PAIA uNgqongqoshe wezokuVakasha. Emva kokusebenzia onke amathuba okuthi kubuyekezwazwe isicelo sakhe isicelo singafakwa enkantolo ngokuhambisana nesigaba sama-78 kuya kuma-82 soMthetho.

11.2 Ifomu

- Umfaki wesicelo engafaka isikhalaSo sangaphakathi ngokungahambisani nesinqumo seSekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane sokunqabela isicelo sakhe, noma ngokungahambisani nesicelo kanye nemali yokufinyelela olwazini, noma ngokungahambisani nokululwa kwesikhathi sokusebenza ngesicelo, efomini

elinqunyiwe eliphrintwe Ezimisweni zoMthetho lakhishwa ngokwemibandela ye-PAIA, noma ifomu elihambisana naleli fomu. Ikhophi yaleli fomu inanyatheliswe kule manuwali njengesiThasiselo B. Amakhophi aleli fomu nawo ayatholakala emahhovisi oMnyango noma kuSekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane njengokuba kushiwo kulemanuwali. Ifomu likhona nakuwebhusayithi yoMnyango.

- (b) UMkhalaazi kumele enikezele ngezizathu zokufaka isikhalaizo sangaphakathi, ukuthi ufisa ukuthi etshelwe kanjani ngesinqumo sesikhalaizo futhi kumele ekhokhe imali enqunyiwe yesikhalaizo (uma ikhona)
- (c) Uma isikhalaizo sesitholiwe, iNhloko yeHhovisi leMininingwane kumele isihambise kuNgqongqoshe ezinsukwini eziyishumi (10), isikhalaizo sangaphakathi, izizathu zesinqumo, kanye nemininingwane yowesithathu obandakanyekayo, uma ekhona.
- (d) Isikhalaizo kumele sifakte phakathi kwezinsuku engamashumi ayisithupha (60) noma isaziso kowesithathu njengokuba sidingwa yisigaba sama-49(1)(b) se-PAIA, phakathi kwezinsuku ezingamashumi amathathu (30) emva kokufakwa kwesaziso uMkhalaazi ngokungahambisani nesinqumo sesikhalaizo sakhe, noma uma isaziso kuMkhalaazi uma singadingakali, emva kokuthi kuthathwe isinqumo. Isikhalaizo kumele senziwe ekhelini, enombolweni yefeksi noma imeyili yohleloxhumano yeSekela leNhloko yeHhovisi leMininingwane.
- (e) UNgqongqoshe uzovumela ukufakwa kwesikhalaizo kuhphela uma izizathu zoMkhalaazi zizwakala. Odabeni lapho uMkhalaazi efake isikhalaizo sesidlulile isikhathi esifanele, umfaki wesikhalaizo uzokwaziswa ukuthi isikhalaizo sakhe esedlulelwes yisikhathi sivunyelwe noma asivunyelwanga.

11.3 Imali yokufaka isikhalaizo

UMkhalaazi kumele ekhokhe imali enqunyiwe yokufaka isikhalaizo (uma ikhona). Isinqumo ngesikhalaizo sangaphakathi singahlehliswa kuze kuba iyakhokhwa imali yokufaka isikhalaizo.

12. UKUBUYEKEZA KWEMANUWALI

Le manuwali kufanele ibuyekezwe okungenani kanye njalo ngonyaka. Imanuwali yoMnyango ngokwemigomo yesigaba se-14 se-*Promotion of Access to Information Act, 2000* ishicilelwes ngezilimi ezintathu (3) ezisemthethweni.

13. UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI

- 13.1. Imanuwali iyatholakala ukuze ihlolwe emahhovisi oMnyango wezokuVakasha mahhala;
- 13.2. Amakhophi engatholakala ngesicelo ngemali enqunyiwe eMnyangweni wezokuVakasha;
- 13.3. Ingatholakala futhi kuwebhusayithi yoMnyango wezokuVakasha (<http://www.tourism.gov.za>); kanye
- 13.4. NakuKhomishana yamaLungelo eSintu eNingizimu Afrika ngokuhambisana nesiqephu sesi-4(1) seziMiso zoMthetho ezamenyezelwa ngokwemibandela ye-PAIA.

IFOMU A

ISICELO SOKUTHOLA AMAREKHODI AMAGATSHA KAHULUMENI

**(Isigaba se-18(1) se-Promotion of Access to Information Act, we-2000, uMthetho wesi-2 ka-
2000)**

[UMthethosimiso wesi-6]

KUSETSHENZISWA UMNAYANGO

Inamba yerefereensi:

Isicelo sitholwe u..... (yisho

isikhundla, igama nesibongo seSikhulu soLwazi/ iPhini leSikhulu soLwazi)

ngomhla.....

e.....

Izindleko zesicelo (uma zikhona) R

Idiphozi (uma ikhona) R

Izindleko zokuthola R

UKUSAYINA KWESIKHULU SOLWAZI/ IPHINI LESIKHULU SOLWAZI

A. Imininingwane yegatsha likahulumeni

ISikhulu soLwazi/iPhini soLwazi Sokwaziswa:

B. Imininingwane yomuntu ocela ukuthola amarekhodi

- a) Imininingwane yomuntu ocela ukuthola amarekhodi kumelwe ibhalwe ngaphansi
- b) Ikheli ne/noma inamba yefekisi kwiRiphabhuliki leyo ukwaziswa izothunyela kuyo .
- c) Ubufakazi besikhundla salowo ocelayo, uma kuthinteka, kumelwe kuxhonywe. .

Amagama aphelele nesibongo:

Inamba yepasi:

Ikheli leposi:.....

Inamba yesikhahlamezi: (.....)

Inamba yocingo:(.....)

Ikheli lemeyili:

Ukuma kwaloyo ofakela omunye isicelo, uma senzelwa omunye umuntu::

C. Imininingwane yomuntu ofakelwe isicelo

Le ngxenye kumelwe igcwaliswe KUPHELA uma kunomuntu ofakelwe isicelo soLwazi

Amagama aphelele nesibongo:

Inamba yepasi:

D. Imininingwane yerekhodi

- a) Nikeza iminingwane yerekhodi okufakwe isicelo sokutholakala kwalo, kuhlanganise nenamba yereferensi .
- b) Uma isikhala esinikeziwe singenele, sicela uqhubeke kwelinye ikhasi bese ulix huma kuleli fomu. Kumelwe usayine onke amakhasi engeziwe.

1. Ukuchazwa kwerekhodi noma kwengxenye ethintekayo:

.....
.....

2. Inamba yereferensi, uma ikhona:

3. Eminye iminininingwane yerekhodi:

.....
.....
.....
.....

E. Izindleko

- (a) Isicelo sokuthola irekhodi, ngaphandle kwerekhodi eliquetho ulwazi oluqondene nawe, kuyodluliswa ngemuva kokuba izindleko zesicelo sezikhokhiwe.
- (b) Uyokwaziswa inani okumelwe ulikhokhe njengezindleko zesicelo.
- (c) **Izindleko zokutholakala** kwerekhodi kuncike ekutheni efomini oludingeka ukuthi litholakale kanye nesikhathi esifanele esidingekayo sokubheka kanye nokulungisa irekhodi
- (d) Uma ukufanelekela ukungakhokhi izindleko, sicela usho isizathu sokufanekela ukungakhokhi.

Isizathu zokungakhokhiswa izindleko:

.....
.....
.....
.....

F. Isimo sokutholakala kwerekhodi

Uma ungakwazi ukufunda, ukubheka noma ukulalela irekhodi esimweni elitholakala ngaso esihlinzekwe ku-1 kuya ku-4 ngaphansi ngenxa yokukhubazeka, yisho ukukhubazeka kwakho usho nesimo irekhodi elidingeka ngaso.

Ukukhubazeka:

Maka ibhokisi elifanele ngo-X

Amanothi:

- a) Ukuhambisana nesicelo sakho sokuthola ifomu elishiwo kungancika esimweni irekhodi elitholakala ngaso.
- b) Ukukuthola ngesimo eliceliwe kungase kungavunywa ngaphansi kwezimo ezithile. Uma kunjalo uyokwaziswa uma ungakuthola ngesinye isimo.
- c) Izindleko zokukuthola, uma zikhona, ziyonqunywa ngokwengxenye isimo sokukuthola

okucelwa ngaso.			
1. Uma irekhodi libhaliwe noma liprintiwe:			
	Ikhophi yerekhodi*		Ukuhlolwa kwerekhodi
2. Uma irekhodi linezithombe ezibukwayo –(lokhu kuhlanganisa izithombe, amaslayidi, amavidiyo aqoshiwe, izithombe ezikhishwe ikhompuyutha, imidwebo, njll. (loku kuhlanganisa izithombe ezithwetshuliwe, ama-slide, okuqoshwe ngevidiyo, izithombe ezenziwe ngekhompuyutha, nemidwebo, njl):			
	Bheka izithombe		Kopisha izithombe*
	Bhala phansi amagama asezithombeni*		
3. Uma irekhodi linamagama aqoshiwe noma ukwaziswa okungenziwa kube umsindo:			
	Lalela okuqoshiwe		Bhala phansi amagama aloko okuqoshiwe*
4. Uma irekhodi likukhompuyutha noma lisesimweni esifundeka ngendlela yobuchwepheshe noma efundeka ngomshini:			
	Ikhophi eprintiwe yerekhodi*		Ikhophi eprintiwe yokwaziswa itholwa kwirekhodi *
	Kopisha ngesimo esifundeka ngekhompuyutha		
Uma ucele ikhophi, noma omagama aloko okuqoshiwe (ngaphezulu), ingabe ufisa ukuposelwa ikhophi noma amagama aloko okuqoshiwe? Ukuposa kuyakhokhelwa.			YEBO
Qaphela ukuthi uma irekhodi lingatholakali ngolimi olikhethayo, ukutholakala kungavunyelwa ngolimi irekhodi elitholakala ngalo..			CHA
Ungalithanda ngaluphi ulimi irekhodi?			

G. Isazizo ngesinqumo sesicelo sokuthola

Uzobhalelwu waziswe ukuthi isinqumo sakho sivuniwe/ sinqatshiwe. Uma ufisa ukuba waziswe ngenye indlela, sicela uyisho leyo ndlela bese unikeze neminingwane edingekile ukuze sifeze isicelo sakho.

Ungathanda ukuba waziswe kanjani ngesinqumo sesicelo sakho sokuthola ulwazi ?

.....
Isayinwe emhla zinenganya
ka.....unyaka.....

.....
UKUSAYINA KOMFAKI
WESICELO / OMELE UMUFAKI
WESICELO